MFOLOZI NEWS

Vol.01 - Issue 01 | November 2014

Umlayezo ovela kuMeya

Njengomuntu osaqhoqhobele lesikhundla sokuba yimeya kaMasipala waseMfolozi, kuyangijabulisa ukunibikela ukuthi nathi sesize saba nalo ibhuku lezindaba lethu elizosiza ukuthi sihlale sazisa abantu ukuthi senzani futhi kwenzekani kumasipala wethu. Yize singumasipala omncane futhi omusha wasesifundazweni iKwaZulu-Natali, ngezindlela eziningi sikwazile ukuthuthuka ikakhulu kwezithinta ukuphathwa komasipala. Kubantu abakhele lomasipala, uhlelo lwethu lwentuthuko edidiyelwe (phecelezi IDP) lubonakala njengendlela engiyo ezoletha ushintsho, ukubhekana nezidingo zabantu iphinde futhi isize ukuthi kwakhiwe ingqalasizinda edingekayo ukuthi abantu abaningi bayibone ngamehlo imisebenzi yenkululeko kulenxenye esiyakhele yezwe.

Mina njengemeya ngizimisele ukuthi ngenze isiqiniseko sokuthi osopolitiki kanye nezisebenzi zikamasipala zingagcini ngokukhuluma ngomlomo kodwa balethele abantu intuthuko. Ngaphezu kwalokho, bahlale njalo baxhumana nomphakathi waseMfolozi ngezinhlelo zentuthuko ukuze kubonakale ukuthi umasipala wenzani futhi ngasiphi iskhathi.

Njengoba kwaziwa ukuthi ukugqoza komnotho womhlaba okwashaya kwazwela nakumabhizinisi ahweba kulomasipala kanye nezakhamuzi zakhona, kwadingeka sithathe izinqumo ezinzima ukube senze isiqiniseko sokuthi intuthuko iyalethwa yize kunjalo. Kungakho kwaze kwadingeka sisebenza ngobuchule ngokuthi sisebenzise izimali esinazo ezintweni ezidingeka kakhulu okwamanje ukuze kungazweli ukufadabala komnotho. Ngithi angikugcizelele ukuthi ukuzimbakanya kwezakhamuzi nezinhlelo zethu singumasipala kumqoka futhi kuyakhuthaza ukuthi nezinga lokwenza njalo liyenyuka.

Angiphinde ngithathe lethuba ngibonge amakhansela ngomsebenzi omuhle wokufaka ihlombeni ekutheni kuphuculwe izimpilo zabantu. Lokhu akwenza ngokuzimisela futhi akubeka eceleni ukubuka ubuqembu bawo nobabantu ababasizayo kwezepolitiki.

Kanjalo nabasebenzi bakamasipala ngibona kufanele ukuthi ngibabonge ngokuzinikela kwabo kanye nomsebenzi wabo omuhle ozuzisa kakhulu izakhamuzi zikamasipala waseMfolozi.

Yimina uKhansela S.W Mgenge,
iMeya yaseMfolozi

Umyalezo ovela kuMenenja kaMasipala

Kuyangithokozisa mina njengemenenja kamasipala ukuthola ithuba lokuxhumana nezakhamuzi zikamasipala waseMfolozi ngisebenzisa lephephabhuku lethu lezindaba. Leli bhuku elizophuma njalo futhi lizoba usizo olukhulu kithi njengomasipala nezakhamuzi njengoba lizosiza ukwazisa ngokwenzekayo kulomasipala.

Lomasipala wethu waseMfolozi usemkhankasweni wokuthi ube yinhlasi yethemba kubantu obaphakela izidingo. Yingakho nami njengomuntu ophathiswe lesikhundla ngikubona kufanele ukuthi ngenze isiqiniseko sokuthi yonke iminyango engaphansi kwethu isebenzele ukulethela abantu izidingo nentuthuko yize imali yokusebenza ingabonakali kahle. Ngibona futhi kufanele ukuthi ngenze isiqiniseko sokuthi lemali yethu encane ebekelwe ukulethela umphakathi izidingo isentshenziswa kahle ukulethela abadingile izidingo nokuthi izinjongo zohlelo lwentuthuko edidiyelwe luyahlangabezwa kusona lesi sabelomali sethu. Nginethemba lokuthi nalonyaka esikuwo uzoba yimpumelelo njengalo esiphuma kuwo.

Angeke ngikhohlwe ukuthi singumasipala kulonyaka sisemkhankasweni wokuthola umbiko womncwaningi mabhuku kahulumeni ongenagcobho. Kanjalo futhi singumasipala sizimisele ukusebenza ngobuqotho ngokuthi silandele yonke imigomo yokuphatha imali yesizwe futhi siphathe ngendlela engenayo inkohlakalo. Ngiyethemba ukuthi kulezinyanga ezizazo kuzosuka uthuli kusetshenzwe ukuze izikhamuzi nesibambisene nabo babone imiphumela yentuthuko. Ngingasho ngaphandle kokuthandabuza ukuthi izakhamuzi zethu zizobona umahluko ngemisebenzi yethu esibenzela wona kulezinyanga ezizayo njengoba singumasipala sidinga ukusebenza kanye kanye ukufeza izinjongo zethu zentuthuko.

Sengiphetha, angingakhohlwa ukubonga bonke abasezinhlakeni zikahulumeni ezehlukene, esibambisene nabo, umphakathi, amathimba ezokucwaninga amabhuku, amakhansela, abaphathi nezisebenzi zikamasipala ezisize ukuthi siphumelele ukwenza lokho ebesekuhlosile siyithimba.

Ngimi Umz
K.E Gamede

Umasipala iMfolozi utholakala eceleni komgwaqo omkhulu u-N2 ohlanganisa idolobhakazi laseThekwini nelaseRichards Bay kanti futhi ungomunye womasipala abayisithupha abancane abayinxenye futhi nabakhele umasipala wesifunda uThungulu. Ukubakhona kwalomgwaqo kukhulu kulomasipala waseMfolozi njengoba uwuphendule insika yomnotho.

Lomasipala uyindawo enhle enamagquma amancane esihlabathi asuka ngasogwini lolwandle abheke entshonalanga. Kulamagquma amahle kuphinde kube nemifula emincane eqala kulendawo ishosholoze njalo iyongena olwandle lwaseRichards Bay kanti eminye ingena emfuleni omkhulu iMfolozi.
Ngaphezu kwalemifula, lomasipala ubusiswe ngamachibi amahle amabili, lawo machibi ichibi laseNhlabane ogwini nechibi iTeza elisentshonalanga.

Nansi imigomo kanye nomgogodla wethu:

Amakhansela, abaphathi bakamasipala kanye nezikhulu zawo kufanele ngaso sonke isikhathi basebenzele ukuthi umasipala ube onomnotho osimeme futhi ube nengqalasizinda esimeme. Ngaphezu kwalokho, kufanele laba abalwe ngenhla basebenzele ukuthi abantu bahlomiswe ngamakhono nangakwezomnotho, bavikele imvelo baphinde bakhombise nobuqhule bokuphatha umasipala nokuhola abantu.

Iphupho lethu:

UKULETHELA INTUTHUKO EZOKWENZA IZIMPILO ZABANTU BONKE BASEMFOLOZI ZIBE NGCONO nobusebenzayo

Esiphokophele ukukwenza:

Ukuthi uMasipala iMfolozi ulethele izakhamizi intuthuko nezidingongqangi ezizobhekana nabakudingayo ngokuthi:

- Uthuthukise ezenhlakahle nezomnotho
- Kube nokulethwa kwezidingo ngendlela ezinzile
- Ukuthi uzithuthukise ube yindawo ethandwayo nehanjelwa kakhulu yizivakashi
- Ukuthi uzithuthukise uphinde uzikhangise ube yindawo yokutshala izimali nokusungula amafemu
- Ukuthi ube nobuhoti obuqotho

Ukuze ufeze konke lokhu okubalulwe ngenhla, uMasipala iMfolozi uzobeka phambili:

- Inhlonipho
- Ubuqotho
- Amasu ajulile okwenza izinto
- Ukwenza izinto ngobunono
- Ukushesha uphendulela ezimeni ezidinga wona
- Nokusebenzela obala

Mfolozi Municipality
25 Bredelia Stree, KwaMbonambi | Tel: 035 580 1421 | www.umfolozi.gov.za

UMasipala waseMfolozi ubambe iqhaza lokukhuculula ngosuku lukaMandela

Ukubungaza usuku lokuzalwa kuka baba uNelson Mandela, umasipala iMfolozi walandela umongo wosuku wakhuculula izindawo ezihlala abantu bawo. Lomsebenzi wokuhlanza kwabhekwa kwaphinde kwahlanzwa izindawo abantu abalahla kuzo imfucuza ngokungekho emethethweni.

Kubantu abasabela kulelikhwela lokuhlanza ngalolu suku kwaba imeya kamasipala uKhansela S.W Mgenge, amakhansela nezisebenzi zalomasipala ezaphatha oplastiki abamnyama zahlanza zaphinde zaqoqa nemfucuza.
Lokhu kwenzeka imizuzu engu-67 futhi kwenzela ukwenza isibonelo sokuthi udoti uyaqoqwa.
Umeya u-S.W Mgenge wathatha ithuba wakhuthaza abantu ukuthi bagcine izindawo abahlala kuzo zihlanzekile washo nokuthi uzoqhubeka esize ukuthi kuhlanzwe ngisho sekwedlule lolusuku lukaMandela lokuhlanza izindawo ezihlala abantu olubizwa ngeMandela day.



Abasesithombeni: Umeya waseMfolozi namalungu omphakathi bavakaselah izindawo ezingi abafike bazihlanza baphinde banikela ngezindlu emindenini emithathu enhlwempu.

Imizamo yokugcina imisebenzi kaMandela ibonakala

Ngokubambisana nomeya yomkhandlu omkhulu wasoThungulu ephinde ibe ngumama wesizwe sesifundazwe iKwaZulu-Natali, uNkosikazi Thembeka Mchunu, imeya kamasipala yendawo waseMfolozi uKhansela Simangaliso Mgenge banikela ngezindlu emindenini emithathu enhlwempu. Lemindeni eyathola lezindlu eyasendaweni yasemakhaya KwaMbonambi. Ngokubambisana nabaxhasi abasiza ukuthi lezindlu zakhiwe ngokushesha nangempumelelo, lemindeni yahlonzwa yase ithola lezindlu ezintsha ceke ezifakwe nempahla yasendlini. Njengoba lezindlu zanikelwa ngosuku lokubungaza ukuzalwa kukaBaba uNelson Mandela, umeya uMgenge wabonga bonke abaxhasi abasiza ukuthi kwakhiwe lezindlu ukuze kugcinwe umoya kaMandela wokupha nokunikela kwabangenabani abaphila phakathi kwethu.

UMnuz Mgenge wathatha lelithuba ukukhumbuza izakhamuzi ukuthi umasipala unohlelo oluphusile lokunciphisa ububha futhi olwenzelwe ukuthi bonke abantu bathole izinsiza zikamasipala. Wathi uhlelo lwentuthuko oludidiyelwe lukamasipala bayalulandela ukuze zonke izakhamuzi zithole izindlu ezidingekayo ngokushesha. Wathi ngokubambisana nomnyango wezokuhlaliswa kwabantu wesifundazwe sebavele basebenzisa uhlelo lwezezindlu oluzoqala ukusebenza ezinyangeni ezimbalwa ezizayo ukuze bonke abantu bathole izindawo zokufihla amakhanda.

Ngaphezu kokulethela abantu izindlu, uMgenge wathi lolu hlelo luyingxenye yesikhathi eside yokunika abantu izindlu iphinde ithuthukise umnotho kulenxenye yesifunda ebhekelwe yilomasipala. Ngaphezu kwalokho, lokulethwa kwezindlu kuzokwenza kube nohlelo oluzothuthukisa umnotho walendawo kuphinde kuvuleke namathuba omsebenzi.

Abasesithombeni: Usekele Meya uKhansela Mathamsanqa Edna Ntshangase enikezela ngendlu entsha ceke futhi enempahla yasendlini ephelele emndenini wakaKhumalo ozinze KwaMbonambi

Ukuhlomiswa kwembokodo kwezomnotho kungukhiye ekuthuthukeni kweMfolozi

Ukubungaza inyanga yomama, umasipala iMfolozi wakhuthokozela ukuqokwa ukuthi usingathe ingqungquthela yembokodo eyahanjelwa uMeya wesifunda uThungulu, uKhansela Thembeka Mchunu. Lengqungquthela yabanjelwa ehholo likamasipala iMfolozi mhla zingu 26 ku-Agasti kunyaka esikuwo.

Kulengqungquthela eyabe igabe ngolwazi olunzulu lokusungula nokuphathwa kwamabhizinizi ayimifelandawonye, imifelandawonye enamalunga abesifazane kuphela engaphezu kwekhulu ngiyo eyahlomula kakhulu. Enkulumeni yosuku ayethula njengesimenywa esixavile, uMeya kamasipala wesifunda uThungulu, uKhansela Thembeka Mchunu wathi lengqungquthela iyingxenye yemizamo kamasipala wendawo (Mfolozi) yokuhlomisa nokuqhubezela imbokodo phambili ngakwezomnotho. Lengqungquthela yakwazi ukuheha izinhlaka eziningi ikakhulu amabhange nohulumeni futhi zonke lezinhlaka zazama ukubeka phambili umongo wokuthi imbokodo izimele. Lokhu kwakuyinxenye kahulumeni wesifundazwe yokuthi kusizwe izinhlangano zemifelandawonye eziholwa omama ukuthi nazo zibe yingxenye yomnotho. Ngaphezu kwalokho, lengqungquthela yaphinde yaphenduka yaba yinkundla yokwabelana ngolwazi kwembokodo ukuthi ikwazi ukususkuma ibhekane nezinkinga zokuphatha imifelandawonye yomama.

Ekhuluma kulengqungquthela, uMeya uThembeka Mchunu wathi kumqoka ukuthi kubhekwane nezinkinga ezivimba abesifazane ukuthi bangaphumeleli ukubamba iqhaza elibonakalayo emnothweni wezwe. “Lengqungquthela izosiza ukuthi sithole ulwazi ngezikhungo zezimali nezinhlangano ezinezimali ezibekelwe ukusiza ukuthi kufukulwe imbokodo ngakwezomnotho,” washo kanje ngenkathi ekhuluma kulengqungquthela.

Endaweni yaKwaMbonambi nje iyodwa, imifelandawonye, nezinye izinhlangano zokusebenzisana sezikhombisile ukuthi zinamandla okufukula abantu besifazane ngakwezomnontho. Yingakho nomasipala iMfolozi ukuqonda kahle ukuthi iqhaza lembokodo emnothweni walo nokuthuthukiswa kwayo likhulu. Yingakho uxhasa uphinde uqhakambise izinhlelo zezomnotho eziholwa abantu besifazane.

Ukwethulwa ngokusemthethweni kwehholo KwaSabokwe

Ukwethulwa ngokusemthethweni kwehholo KwaSabokwe mhla zingu 19 kuSepthemba kunyaka esikuwo kuhehwa iningi labantu. Kubantu abahambela lomcimbi singabala amakhansela, namalungu omphakathi nezinye izinhlaka.

Kulo mcimbi, inkulumo enonhloze futhi yosuku yethulwa uKhansela Mathamsanqa Edna Ntshangase, oyisekela lemeya kumasipala wethu iMfolozi. Kulenkulumo yakhe, usekela meya wabalula izinto eziningi ezenziwa umasipala ukuthuthukisa imiphakathi, ikakhulu leyo esezindaweni zasemakhaya.

OkaNtshangase wathi ukuvulwa ngokusemthethweni kwaleli hholo kukhombisa ngokusobala ukuthi umasipala uzibophezele kanganani ukwenza izimpilo zabantu zibe ngcono.

“Njalo uma umasipala waseMfolozi uletha izidingo kubantu, kuba yizindaba ezinhle okufanele sizitshele abantu,” washo kanje usekela meya ngenkathi ephetha inkulumo yakhe.

Amagama abasesithombeni: Amakhansela avela kumasipala iMfolozi anikezela ngehholo emphakathini wakwaSabokwe.

Umeya uMgenge noMeya wesifunda uThungulu banikezela ngomuzi omuhle nomusha ceke emndenini wakwaKhumalo.

Ukwethulwa ngokusemthethweni kwendawo yokuhola impesheni

Umasipala iMfolozi usanda kuba nomcimbi omkhulukazi wokwethula ngokusemethethweni emphakathini indawo yokuholela imali yezibonelelo zikahulumeni ezifana nempesheni kuwadi 8, endaweni yaKwaMbonambi. Lendawo esanda kunikezelwa umasipala kubhekeke ukuthi isize ngokuthi yenze ukunikezelwa kwezimpesheni nezinye izibonelelo zikahulumeni eziya kubantu kube lula.

Lokhu kungeminye yemizamo kahulumeni yokuthi kusizwe lomphakathi ukuthi ube nezinsiza njengoba sekubonakele ukuthi unokusebenzisana kahle futhi kalula nohulumeni. Ngaphezu kwalokho miningi imihlomulo ezotholwa abantu abadala evela kuhulumeni kusetsheziswa lesakhiwo.

Lesakhiwo lesi sizokwenza ukuthi abantu abadala abasuke beze ukuzohola imali yabo kwaSASSA yempesheni bangabambi olayini abade baphinde bashiswe yilanga noma badindwe yizimvula uma basalindile ngaphambi kwendawo yokuholela.

Esithombeni esingokwesinxele: Isakhiwo sokuholela impesheni iMpumelelo.

Esithombeni esingenhla: Amakhansela kamasipala iMbonambi nabantu abadala bakuthokozela kakhulu ukuvulwa kwesakhiwo sokuholela impesheni iMpumelelo.

Ezakhiweni ezinjengalezi umasipala iMfolozi uhambisa phambili uhlelo oluthi uma kuletha intuthuko ibe sendaweni eyodwa futhi kusizakale nabantu abaningi uma befuna izinsiza ezilethwa uhulumeni wesifundazwe nowezindawo. Lomqondo wokwenza njalo uzosiza kakhulu ekutheni kusheshiswe ukulethela abantu baKwaMbonambi intuthuko.

Singasho singahlonozi futhi sithi lesakhiwo esisanda kwethulwa sizosiza kakhulu ukulethela abantu izinsiza zikahulumeni, kungaze kudingeke baye emadolobheni aseduze nabo ukuze bathole usizo lwezimpesheni.

Zithole imifaniswano izingane zaseNjeke Primary school

Njengenxenye yokufukula abampofu, omama benhlangano ebizwa ngokuthi iZisize Women Empowerment banikela ngemifaniswano yesikole ezinganeni ezifunda eNjeke Primary School. Iningi lalezingane ezathola loluxhaso yizingane ezihlwempu nezivela emindenini eholwa yizingane ngoba sekwashona abazali.

Ukunikela ngemifaniswano, ukudla nezinye izidingo kufanele kube yinto eyenziwa njalo ukuze izingane zingahlali zikhathazekeli ngokuthi zizolutholaphi usizo. Yize uhulumeni ezama ngayo yonke indlela ukuthi zonke izingane ezifunda isikole zibe nakho konke ezikudingayo, iminikelo efana nalena iyasiza kakhulu ukuthi iphupho likahulumeni ligcine libe yimpumelelo

Abasesithombeni: Omama abangamalunga eZisize Women Empowerment babuthene eNjeke Primary School ukuzosiza ngomnikelo womfaniswano.

Ukuhlatshwa kwesoyi lokwakhiwa komgwaqo uMasuku

Ukukhombisa ukuthi sekuzoqala ukwakhiwa komgwaqo uMasuku osendaweni yakaMbonambi, ngomhlaka 3 ku-Okthoba kunyaka esikuwo umasipala waseMfolozi wahlaba isoyi.

Lona ngumsebenzi ozothatha cishe amasonto ayisithupha ukuwuqeda kanti uzodla imali engu R1 million. Ngasohlangothini lwamathuba emisebenzi, lomsebenzi uzoletha amathuba emisebenzi amane azotholwa izakhamuzi zakhona KwaMbonambi.

Njengoba kubhekekile, ukwakhiwa kwalomgwaqo kuzosiza ukuthi kube lula ukuthuthwa nokuhamba kwabantu uphinde futhi usize ukukhulisa umnotho walendawo.

Kwethulwe uhlelo lokusiza izingane zamantombazane kumasipala waseMfolozi

Abasesithombeni: Izingane zamantombazana zasesikoleni samabanga aphakeme saseSiphephelo ezazihambele ukwethulwa kwalohlelo iCaring4Girls.

Njengomunye womasipala basemakhaya onezingane zamantombazane eziningi ezidinga usizo uma zisezinsukwini, umasipala waseMfolozi wethule uhlelo lokunikela ngezinto ezizowagcina ehlanzekile uma eficwa ileso sikhathi. Lolu hlelo lwesifundazwe lwethulwe ilomasipalo mhla zingama- 23 kuSepthemba nonyaka esikoleni samabanga aphakeme, i-Siphephelo High School. Lesi sikole singesinye sezikole esinenzingane ezihlomula kulolusizo oluxhaswe ngezimali izinhlangano ezingenzi nzuzo, okuwuThungulu Community Foundation ngokubambisana neMbumba Foundation.

Ngalolu hlelo, olubizwa nge- Caring4girls, uMasipala uhlose ukuhlomisa izingane zamantombazana ezivela emindenini ehlwempu, kakhulukazi lezo ezisezindaweni ezisemakhaya ngezinsiza ukuze zikwazi ukuba nezinto ezidingwa umuntu wesifazane uma esezinsukwini. Ngokwalolu hlelo kuhloswe ukuthi lezingane ezidinga usizo zifundiswe ngezigaba zokukhula uma uyintombazana ziphinde zisizwe ngezinto zokuzivikela cishe unyaka noma okungenani owodwa. Okuzoba phambili kulolu hlelo ukusiza lezingane kuzoba yizincwajana ezincane eziquthukethe olwazi eziludingayo kulesigaba sempilo.

Kuze kube yimanje, lolu hlelo olugunyazwe umnyango wezeMfundo wesifundazwe saKwaZulu-Natali ususabalalise izimpahla zokusizwa izingane ezisenyangeni ezingu-67 000 njengoba lohlelo lugxile kakhulu ezinganeni zasemiphakathini yasemakhaya.

Ngalolu hlelo, uMnumzane Richard Mabaso ongumsunguli weMbumba foundation wabona kunesidingo esikhulu sokuthi kube nengxogxo namantombazane asangena esigabeni sobuntombi ukuthi axoxisane. Ngaphezu kwalokho, uMabaso wayehlose ukunciphisa ukuphutha esikoleni kwamantombazane asezikoleni zasemakhaya asaya esikhathini ngoba engenazo izinsiza ezidingekayo ukuzivikela uma esenzinsukwini.

Ngokocwaningo olusanda kwenziwa ukubheka umthelela olethwa ukuya enyangeni kwezingane zamantombazana asafunda isikole, kwatholakala ukuthi ziphutha izinsuku ezingu-50 ngonyaka ngendaba yokuya enyangeni. Ngalokho, lolu hlelo kuhloswe ukukuqeda uhlupheka. Yize lusanda kuqala, imiphumela emihle yalo isivela iyabonakala ezifundazweni iMpumalanga, iLimpopo kanye naKwaZulu-Natal lapho khona izingane esezisiziwe ziyabonakala.